Isifundo 10

*29 Nhlolanja - 6 Ndasa

Kusuka Ekuvumeni Kuye Ekududuzweni

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku:
Daniyeli 9; Jer. 25:11, 12; 29:10; 2 Amakhosi 19:15-19; Math. 5:16; Jakobe 5:16.

Indimana Yekhanda:
“Nkosi yizwa; Nkosi, thethelela; Nkosi, lalela, wenze, ungalibali ngenxa yaKho, Nkulunkulu wami, ngokuba umuzi nabantu baKho babizwe ngegama laKho” (Daniyeli 9:19).

UDaniyeli 9 uphethe omunye wemithandazo emikhulu yeBhayibheli. Ngezikhathi ezibucayi empilweni yakhe, uDaniyeli uphendukela emthandazweni ukuze akwazi ukuthwala izinkinga eziphambi kwakhe. Ngesikhathi uDaniyeli nawozakwabo babezobulawa ngenxa yephupho lenkosi engumhedeni, umprofethi waya kuNkulunkulu ngomthandazo (Daniyeli 2). Futhi ngesikhathi kuphuma umthetho wenkosi onqabela ukuthandaza kunoma yimuphi unkulunkulu ngaphandle kwenkosi, uDaniyeli waqhubeka ngokwenza imithandazo yakhe yansuku zonke, ebheke eJerusalema (Daniyeli 6). Ngaleyo ndlela, njengoba sifunda ngomthandazo kaDaniyeli 9, asikhumbule ukuthi umbono wokuhlwa nokusa okungu 2 300 okuDaniyeli 8 unomthelela omkhulu kumprofethi. Nakuba okuningi ngalesiprofetho kwachazwa, uDaniyeli akakwazanga ukuqonda isikhathi abangcwele basezulwini ababekhuluma ngaso bethi: “Koze kube yizinsuku eziyizinkulungwane ezimbili namakhulu amathathu; bese ihlanjululwa indlu engcwele” (Dan. 8:14). Umprofethi uthola ukukhanyiselwa kusahluko 9, kanti futhi ngaleso sikhathi impendulo ifika esethandaze ngokujulile.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika 7 Ndasa.*

Ukuba Yingqikithi KweZwi LikaNkulunkulu

Funda kuDaniyeli 9:1, 2. UDaniyeli uthi "wasiqonda ngezincwadi" isiprofetho ayekade esifunda ngokucophelela. Usho ziphi izincwadi zeBhayibheli?

Uma silokhu sibuka lomthandazo, kuvela obala ukuthi uvela ekufundeni okujulile lokho uNkulunkulu ayekade ekwembulile ngaphambili kuMose nabaprofethi. Esetholile emqulwini kaJeremiya ukuthi ukuthunjwa kwakhe kuyokuba iminyaka engamashumi ayisikhombisa (bheka ku Jer. 25:11, 12; Jer. 29:10), uDaniyeli waqonda ukubaluleka kwesikhathi somlando ayephila kuso. Asikhumbule ukuthi uDaniyeli wenza lomthandazo ngo 539 B.C., unyaka lapho amaPheresiya athatha umbuso kwabaseBhabhiloni. Kwase kudlule cisho iminyaka engamashumi ayisikhombisa selokhu uNebukadinesari anqoba iJerusalema wachitha nethempeli. Ngakhoke, ngokwesiprofetho sikaJeremiya, abantu bakaNkulunkulu sekuseduze ukuba babuyele kwelakubo izwe. Ngokwethemba iZwi likaNkulunkulu, uDaniyeli wayazi ukuthi kwakuzokwenzeka into enkulu ebantwini bakubo, nokuthi, njengesithembiso sikaNkulunkulu esiseZwini laKhe, ukudingiselwa eBhabhiloni kwase kuzofika esiphelweni, amaJuda abuyele ekhaya.

Ngokufunda kwakhe imiBhalo ayenayo, uDaniyeli wabona futhi ukuthi izono zabantu bakubo zimbi kangakanani. Ngoba baphula isivumelwano, kusho ukuthi ubudlelwano babo noNkulunkulu bunqamukile; umphumela walokho-ke ukuthunjwa (Lev. 26:1445). Ukufunda lokho uNkulunkulu amembulele kona okunika uDaniyeli ukuqonda izikhathi aphuthume ancengele abantu bakubo kuNkulunkulu.

Njengoba sisondela ezinsukwini zokugcina zomlando womhlaba, sidinga ukufunda iZwi likaNkulunkulu ngaphezu kokuba sake salifunda, futhi siphile ngokwalokho elikushoyo. ImiBhalo kuphela engasinika incazelo enohlonze ngalomhlaba esiphila kuwo. Vele phela, imiBhalo isitshela indaba yempikiswano enkulu ephakathi kokulunga nobubi, isembulele ukuthi umlando wabantu uyophela ngokuchithwa kobubi nokumiswa kombuso waphakade kaNkulunkulu. Uma silokhu sifunda imiBhalo, yilapho sizoqonda kangcono isimo somhlaba namhlanje, nendawo yethu kuwona, kanye nezizathu zethu zethemba emhlabeni onganikezi themba.

IBhayibheli lisisiza kanjani ukuqonda ngandlela thize, umhlaba wona ngokwawo obonakala ungenzi mqondo?

Ukucela Umusa

Funda kuDaniyeli 9:3-19. UDaniyeli ucela umusa ngasizathu sini na?

Ngokukhethekile, sidinga ukuphawula amaphuzu athile ambalwa kulomthandazo. Okokuqala, akukho ndawo emthandazweni wakhe lapho ecela khona ukuchazelwa ngesizathu sezinhlekelele ezehlela abantu bamaJuda. Wayesazi isizathu. Empeleni, inxenye enkulu yomthandazo ikhuluma ngaye uDaniyeli elanda isizathu: "Asilalelanga izwi likaJehova uNkulunkulu wethu ukuba sihambe ngemithetho yaKhe ayibeka phambi kwethu ngezinceku zaKhe abaprofethi" (Dan. 9:10). Sigcine ukubona uDaniyeli efuna ukuqonda okuthile ekugcineni kukaDaniyeli 8, lapho ethi khona akawuqondi umbono wokuhlwa nokusa okungu 2 300 (Dan. 8:27).

Iphuzu lesibili, ukuthi lomthandazo ucela umusa kuNkulunkulu, ukuvuma kukaNkulunkulu ukuthethelela abantu baKhe nakuba bonile, benza ububi. Ngenye indlela, lapha sibona ivangeli ngendlela enamandla, abantu abayizoni okungekho okuhle kubona, kodwa abafuna umusa abangawufanele, nokuthethelelwa abangakusebenzelanga. Lesi akusona yini isibonelo sesimo sethu ngabanye ngabanye, phambi kukaNkulunkulu na?

Funda kuDaniyeli 9:18, 19. Yisiphi esinye isizathu esinikwa nguDaniyeli sokuthi uNkulunkulu aphendule umthandazo wakhe na?

Kukhona okunye ngomthandazo kaDaniyeli okudinga ukuphawulwa: ukuncengela udumo lwegama likaNkulunkulu. Okusho ukuthi uDaniyeli akathandazi ngoba ezifunela inhlalakahle noma eyabantu bakubo, kodwa ngenxa kaNkulunkulu Yena uqobo (Dan. 9:17-19). Ngamanye amazwi, isicelo asamukelwe ngoba kuzodunyiswa igama likaNkulunkulu.

Funda ku 2 Amakhosi 19:15-19. Umthandazo kaHezekiya ufana kanjani nokaDaniyeli? UMathewu 5:16 uthi nathi singamdumisa kanjani uNkulunkulu na?

Ukubaluleka Kokuncengela

Funda kuDaniyeli 9:5-13. Yini egqamile ngokuthi uDaniyeli uphikelele ngokuthi "thina" sonile, ngaleyo ndlela ezibandakanya ezonweni ezize zaletha lokhu kuhlupheka esizweni?

Umthandazo kaDaniyeli ungomunye phakathi kweminye imithandazo yokuncengela equkethwe yiBhayibheli. Imithandazo enje, ithinta inhliziyo kaNkulunkulu, idedise izehlulelo, ilethe ukukhululwa ezitheni. Ngesikhathi uNkulunkulu wayeselungele ukubhubhisa sonke isizwe samaJuda, ukushweleza kukaMose kwavimba isijeziso (Eksodusi 32:7-14, Numeri 14:10-25). Nangesikhathi lapho isomiso esibi sibonakala sizobhubhisa izwe, uNkulunkulu waphendula umthandazo kaEliya, wanisa imvula ukuba imanzise umhlaba (1 Amakhosi 18).

Uma sithandazela amalunga omndeni, abangane, nabanye abantu noma izimo ezithile, uNkulunkulu uyayizwa imithandazo yethu, uyakwazi ukungenelela. Kungenzeka kuthathe isikhathi eside ngaphambi kokuthi uphendulwe umthandazo, kodwa singaqiniseka ngokuthi uNkulunkulu akazikhohlwa izidingo zabantwana baKhe (bheka kuJakobe 5:16). Ngalesikhathi, uDaniyeli udlala indima yomncengeli noma umlamuli phakathi kukaNkulunkulu nabantu. Ekufundeni kwakhe imiBhalo, umprofethi uyabona ukuthi abantu bone kangakanani ngokweqa umthetho kaNkulunkulu, benqaba nokuzwa izixwayiso zaKhe. Kanjalo-ke, ngokubona isimo sabo esibi kanjalo, uDaniyeli uthandazela ukwelashwa nokuthethelelwa. Kodwa umprofethi ubuye azibandakanye nabantu bakubo. Ngezinye izindlela, uDaniyeli ubonakalisa indima kaKrestu njengomncengeli wethu (Johane 17). Kodwa kukhona umehluko omkhulu: uKrestu "akanasono" (Heb. 4:16) ngakhoke akadingi ukuvuma izono zaKhe noma ukwenza umhlatshelo ukuzicelela intethelelo (Heb. 7:26, 27). Kodwa uzibandakanya nezoni ngendlela engavamile: "UNkulunkulu wamenza ongasazanga isono ukuba abe yisono ngenxa yethu, ukuze kuYe sibe ukulunga kukaNkulunkulu" (2 Korinte 5:21).

"Ukuba bewungaqoqela ndawonye konke okuhle nokungcwele nokuhloniphekayo nokuthandekayo okusemntwini, bese ukubeka phambi kwezingelosi zikaNkulunkulu ngoba uthi kunegalelo ekusindisweni komuntu, lokho bekungaliwa, kubizwe ngokuthi ukuvukela umbuso."—Ellen G. White, Faith and Works, ikhasi 24. Lamazwi asifundisani ngesidingo sethu salowo ozosincengela?

Umsebenzi kaMesiya

Umthandazo kaDaniyeli wokushweleza uqonde kokubili okukhathazayo: izono zabantu kanye nencithakalo yeJerusalema. Ngakhoke impendulo kaNkulunkulu isabela kulezicelo ezimbili. Ngenxa yomsebenzi kaMesiya, abantu bazosindiswa, nendlu engcwele igcotshwe. Lezicelo ezimbili kodwa ziphendulwa ngezindlela ezidlula lapho amehlo kaDaniyeli engafinyelela khona emlandweni: umsebenzi kaMesiya uyokuba lusizo ebantwini bomhlaba bonke.

Funda kuDaniyeli 9:21-27. Msebenzi muni owawuzokwenziwa ngamasonto angu 70? Kungani kunguJesu yedwa ongakwenza lokho?

1. "Ukuqeda iziphambeko." Igama lesiHeberu elisho iziphambeko (pesha') lisho isenzo sangamabomu somuntu omncane edelela omkhulu (isibonelo, Izaga 28:24). Leligama liphinde livele eBhayibhelini maqondana nabantu bedelela uNkulunkulu ngokusobala (Hezekeli 2:3). Ngegazi likaJesu, kodwa, ukuhlubuka kuNkulunkulu kuyacinywa, abantu baphiwe ukulunga okuvela eKhalvari.
2. "Nokukhawula izono." Isenzo simumethe umqondo othi "ukunamathisela" kanti lapha lisho ukuthi isono sixolelwe. Selokho kwangena isono, abantu abakwazanga ukuphila ngokweqophelo elimiswe nguNkulunkulu, kodwa uMesiya uzokulungisa ukwesilela kwethu.
3. "Nokwenza ukubuyisana ngobubi." UPawulu uyibeka kanje: "Ngokuba kwaba kuhle kuye ukuba ukugcwala konke kuhlale kuyo, nokuba ngayo abuyisane nakho konke esenzile ukuthula ngegazi lesiphambano sayo" (Kolose 1:19, 20). Nalapha futhi, uJesu kuphela ongenza lokhu.
4. "Ukuletha ukulunga kwaphakade." UKrestu wathatha indawo yethu esiphambanweni, ngaleso senzo wasinika isimo esibusisekile "sokuba abalungileyo" phambi kukaNkulunkulu. Kungokukholwa kuphela lapho singathola khona lokhu kulunga okuvela kuNkulunkulu.
5. "Ukuvala umbono nesiprofetho." Mhla uKrestu wayezinikela, ezenza umhlatshelo, iziprofetho zeTestamente eliDala ezazikhomba emsebenzini waKhe wokubuyisana zavalwa ngoba zase zigcwalisekile.
6. "Nokugcoba eNgcwele-ngcwele." Leyo eNgcwele-ngcwele okukhulunywa ngayo lapha akusiye umuntu, kodwa indawo. Ngakhoke lamazwi abhekise ekuqalisweni komsebenzi kaKrestu wokushweleza endlini engcwele yasezulwini (Heb. 8:1).

IKhalenda Lesiprofetho

Ekupheleni kombono wokuhlwa nokusa okungu 2 300, umprofethi uyashaqeka ngoba akawuqondi (Dan. 8:27). Ngemuva kweminyaka eyishumi, kwafika uGabriyeli ukuzosiza uDaniyeli "aqonde" umbono (Dan. 9:23). Lokhu kwambulelwa kokugcina kuveza ukuthi umsebenzi kaMesiya uzofezeka uma sekusondela isiphelo samasonto angamashumi ayisikhombisa. Ngokokubala kokuthi usuku lumele unyaka, nobude bezigameko eziprofethiwe, amasonto angamashumi ayisikhombisa kumelwe athathwe njengeminyaka engu 490. Ukubalwa kwalesikhathi kuqala ngokukhishwa komyalo wokwakha kabusha iJerusalema (Dan. 9:25). Lomyalo wakhishwa yinkosi uAritahishashita ngu 457 B.C. Kwakuvunyelwa amaJuda ayeholwa nguEzra, ukuthi aphinde akhe iJerusalema (Ezra 7). Ngokusho kweBhayibheli, amasonto angamashumi ayisikhombisa "anqunyiwe." Lokhu kusho ukuthi isikhathi seminyaka engu 490 ikhishiwe kwesinye isikhathi esijana, esiyiminyaka engu 2 300 egaguliwe embonweni wesahluko 8. Kusobala ngalokhu ukuthi iminyaka engu 2 300 naleyo engu 490 kufanele iqale kanyekanye, ngo 457 B.C.

Isiprofetho samasonto angamashumi ayisikhombisa sehlukaniswe izigaba ezintathu: amasonto angu 7; amasonto angu 62, nesonto lamashumi ayisikhombisa.

Amasonto angu 7 (iminyaka engu 49) kubonakala esho isikhathi lapho iJerusalema lalakhiwa. Ngemuva kwalamasonto angu 7, kukhona amasonto ango 62 (iminyaka engu 434) eholela koGcotshiweyo, uMbusi (Dan. 9:25). Kanjalo-ke, iminyaka engu 483 ngemuva komyalo kaAritahishashita, ngonyaka ka A.D. 27, uJesu oGcostshiweyo wabhabhadiswa wagcotshwa ngoMoya oNgcwele ukuze enze umsebenzi waKhe wobuMesiya.

Ngesonto lamashumi ayisikhombisa, kwenzeka ezinye izigigaba ezimqoka: (1) "UMesiya/oGcotshiweyo wayezonqunywa" (Dan. 9:26), okusho ukufa kukaKrestu. (2) UMesiya/oGcotshiweyo "wayezoqinisa isivumelwano nabaningi isonto elilodwa" (Dan. 9:27). Lo, umsebenzi okhethekile kaJesu nabaphostoli esizweni samaJuda. Wenziwa "ngesonto" lokugcina kusukela ngo A.D. 27 kuye ku 34. (3) "Imihlatshelo neminikelo ikhawuke phakathi kwesonto" (Dan. 9:27). Ngemuva kweminyaka emithathu nesigamu ebhabhadisiwe (okusho ukuthi phakathi nesonto), uJesu waphelisa uhlelo lwemihlatshelo—okusho ukuthi alusabalulekile esiprofethweni—ngokuthi azinikele Yena uqobo njengomhlatshelo wokugcina nophelele wesivumelwano esisha, ngaleyo ndlela eqeda isidingo seminye iminikelo yezilwane. Isonto lokugcina lesiprofetho samasonto angu 70 laphela ngo A.D. 34 ngesikhathi uStefane ebulawela ukukholwa kwakhe, nevangeli laqala lafinyelela nakwabezizwe.

Funda kuDaniyeli 9:24-27. Naphakathi kwethemba elikhulu nesithembiso sikaMesiya, sifunda ngodlame, izimpi, incithakalo. Lokhu kungasisiza kanjani siqiniseke ukuthi phakathi kwezinhlekelele zasekuphileni, lisekhona ithemba?

Ukujula Nomcabango:

Lapha ngenzansi kukhona ishadi elichaza indlela isiprofetho samasonto angu 70 esikuDaniyeli 9:24-27 esihlangana ngayo nesiqalo sokubalwa kwesiprofetho seminyaka engu 2 300 sikaDaniyeli 8:14. Uma ubala iminyaka engu 2 300 uqala ku 457 B.C. (ukhumbule ukususa ongekho (zero year), ufika ku 1844; noma uma ubala iminyaka engu 1 810 esele ku A.D. 34 (2 300 ususe iminyaka yokuqala engu 490), ufika ku 1844 futhi. Ngakhoke, ukuhlanzwa kwendlu engcwele kuDaniyeli 8:14 kungathiwa kuqala ngo 1844. Qaphela futhi, indlela unyaka ka 1844 oxhumana ngayo nalokho esikubone kuDaniyeli 7 no 8. Ukwahlulela okukuDaniyeli 7, okuyinto eyodwa nokuhlanzwa kwendlu engcwele kuDaniyeli 8 (bheka izifundo zamaviki amabili edlule), kwenzeka ngemuva kweminyaka engu 1 260 yokushushiswa (Dan. 7:25) kodwa ngaphambi kokubuya kukaJesu nokumiswa kombuso waKhe waphakade.



Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Abafundi bodumo bathi, futhi beqinisile, isiprofetho sezinsuku ezingu 2 300 naleso samasonto angu 70, empeleni yisiprofetho esisodwa. Kungani besho njalo? Yibuphi ubufakazi ongabuthola obuqinisa lokho?

2. Singafundani emthandazweni wokushweleza kaDaniyeli, olungasisiza empilweni yethu yokuthandaza ngokushweleza na?

3. Umhlatshelo esawenzelwa nguKrestu, yilona themba lethu kuphela. Lokho kusisiza kanjani sihlale sithobekile, futhi sinothando nokuxolela abanye? ULuka 7:40-47 uthini kithina sonke?

4. Bheka ukuthi imiBhalo iyinxenye ebaluleke kangakanani emthandazweni kaDaniyeli nethemba lakhe. Angithi phela isizwe sakubo sanqotshwa kabuhlungu, abantu bathunjwa, izwe lakubo lenziwa incithakalo, neJerusalema lacekelwa phansi. Kodwa unethemba lokuthi yize izinto zinjalo, abantu bayobuyela ekhaya. Wayengalitholaphi lelithemba ngaphandle kwaseBhayibhelini nezithembiso zikaNkulunkulu ezibhalwe kulona? Lokhu kufanele kusitsheleni ngethemba esingaba nalo nathi ngezithembiso eziseZwini?